Prince William County
PUBLIC SCHOOLS
*Providing A World-Class Education*

ZULU-
ISIZULU

Mzali/Mphathi:

Siyathokoza ukuba wena nomndeni wakho niyingxenye yomphakathi wethu owahlukeneyo, lapho sekunezilimi ezingaphezulu kweziyikhulu ezikhulunywayo. Isikole somphakathi i-Prince William izibophezele ekunikeni wonke umfundi imfundo eseqophelweni eliphezulu Njengoba ukubumbana komndeni kubalulekile kulolu hlelo, siyathokoza ukunikeza ngolwazi olujwayelekile ukusiza wonke umzali nomphathi ukuqonda nokuba babe negalelo emfundweni yomntwana wabo.

Zonke izinsiza zesikole zinikezelwe ngesiNgisi; Kodwa-ke, siyaqhubeka ukuhumusha imibhalo ebalulekile nemniningwane kwizilimi ezinye eziyisithupha ezivame ukucelwa endaweni yethu.

Izikhulumi zezilimi eziningi zingazuza kulwazi olufakwa nzukuzonke kwiwebhusayithi yesikole somphakathi i-Prince William - pwcs.edu - namasayithi esikole ngamanye. Konke kuqukethe ithuluzi le-Google lokuhumusha, elinikeza ukuhumusha okulinganiselwe kwizilimi ezingaphezulu kuka 50. Ukuhumusha okufakwe kwikhompiyutha imvamisa akukuhle, futhi kusanikeza amalinki abalulekile kulwazi lwesikole. Uma ungenayo ikhompiyutha ekhaya, ungaya kumtapowolwazi oseduze nawe.

Isigaba sesikole sinikeza intuba kongcweti botolika ukuba basize abakhuluma izilimi eziningi ukuba baqonde imibhalo equkethe ulwazi olubalulekile mayelana namalungelo omfundi nomzali, amajoka, okulindelekile, nezinye izindaba eziphathelene nokufunda neminye imivuzo namasevisi abafundi abawatholayo. Otolika bangasiza ngenkomfa yabazali mayelana nalezinkinga ukuqinisekisa ukuthi lonke uvo lwabantu ludlulisiwe futhi luyaqondwa. Lamasevisi anikezwe mahhala kwimindeni.

**Sebenzisa noma iziphi yalezi izindlela uma udinga usizo.**

- Kwikhompiyutha- iya ku translations.pwcs.edu.
- Siqu - Vakashela isikole sengane yakho. Akuvamile ukuba okhuluma ulwimi lakho atholakale. Kodwa-ke umsebenzi uzosebenzisa iphepha lokwazisa ukuqoqa ulwazi ukukusiza

Kuzo zonke izimo, uzocelwa ukuba usinikeze okulandelayo:

- o Igama lakho negama lomntwana wakho;
- o Isikole sengane yakho, ibanga, kanye negama likathisha;
- Umuntu (ngegama noma ngomsebenzi) ofuna ukukhuluma naye, nesihloko sengxoxo; kanye
- Inombolo yocingo kanye nesikhathi ongatholwa ngaso.

uma inane yakho iletha ekhaya umyalezo ovela esikoleni sicela umhlangano; noma ufisa ukuhlela ingxoxo nothisha noma abanye basesikoleni, sebenzisa izindlela ezingenhla ukucela umhumushi ukusiza nalezi ngxoxo ezibalulekile. Kukhona ozothintana nawe ngokushesha.

Ukubamba iqhaza kwakho kungenza ushintsho olukhulu kwimfundo yomntwana wakho, futhi sizimisele ukusiza ngokwenza lamasevisi ukuba nawe uwathole. Siyethemba ukuthi lencwadi icacisa ngokusobala ukuthi isikole somphakathi i-Prince William izinikele kumntwana wakho nawe. Ngiyethemba ukuthi nawe ufisa esikufisela wonke umfundi ukuba athole Imfundo esezingeni eliphakeme.

Ozithobayo,

Dkt. Steven Walts
Umphathi weZikole

*Uma uvakashela pwcs.edu, bheka umhlaba ombala bala ukuthola amakhasi anemniningwane achazwe kulomyalezo.